


**NguMongameli
uDieter F. Uchtdorf**
Ikhansela Lesibili
kuboMongameli Bokuqala



Bambezela Kakhudlwana

Enye yezifundo ezibekezelekayo zesikhathi saseKirtland wukuthi imimoya yethu idinga ukondliwa njalo-njalo. Sidinga ukuhlala duzane neNkosi nsuku zonke uma sidinga ukuphila ngobunzima lokho konke okumele sibhekane nakho.

Kulelihlobo eladlula, umkami nami sathatha abazukulu babafana abangamawele ukuya eKirtland, Ohio. Kwakuyithuba elaliyisipesheli futhi liyigugu kithina ukuchitha isikhathi kanye nabo ngaphambi kokuba bahambe baye kuyofundisa ngezenkolo.

Ngesikhathi sivakashele lapho, safunda ukuqonda kangcono izindlela zoMprofethi uJoseph Smith kanye nabaNgcwele ababehlala eKirtland Lesosikhathi somlando weBandla waziwa njengesikhathi sokuhlukunyezwa kanzima kepha futhi kuyizibusiso eziphezulu.

E-Kirtland iNkosi yanikeza ezinye izibonakaliso ngempela eziyincazelo kanye neziphiwo zikaMoya ezingakaze zibonwe kulomhlaba. Izahluko ezingamashumi ayisithupha nanhlanu yezimfundiso zobuKrestu zesivumelwano zemukelwa eKirtland kanye nasezindaweni ezizungeziwe—izambulo ezaletsa ukukhanya okusha kanye nolwazi ngezihloko ezinjengoKuzo okweSibili, ukunakekela abahluphekile, iplani leNsindiso, igunya lobuPristi, iZwi lokuhlakanipha, okweshumi, iThempeli, kanye nomthetho ngenhloso yobungcwele.¹

Kwakuyisikhathi sokukhula ngokomoya esingahambisani. Ngempela, uMoya kaNkulunkulu njengomlilo wawusha. Umose uElija kanye nabanye abaningi abantu babonakala ngalesikhathi kanjalo noBaba wethu waseZulwini kanye neNdodana Yakhe, uMsindisi womhlaba, uJesu Krestu²

Eminye eminingi yezibonakaliso uJesu ayithola eKirtland kwangumbono ayewubiza ngokuthi yicembe “le-olive elixhunywe eSihlahleni iPharadesi futhi umlayezo weNkosi woxolo kithina” (isingeniso ku D&C 88). Lombono omuhle ufaka isimemo esizothile, “Yiza duzane nami futhi ngizosondela eduze kwakho, funa mina ngokuzimisela futhi uzongithola” (D&C 88:63). Njengoba abaNgcwele baseKirtland besondela eNkosini, Ngempela Wasondela kubona, ethela izibusiso zaseZulwini phezu kwamakhanda alabo abakhohlwayo.

Ukukhiphela ngaphandle koMoya

Mhlawumbe ukufika ekugcineni kwezincazelo zikamoya zenzeka ngesikhathi kubusiswa iThempeli lase Kirtland ngo Mashi 27, 1836. Kulabo ababekhona kwakungu William Draper owayeneminyaka

engu-28, owachaza usuku “njengosuku lwe Phe-ntekosti”. Ubhale kanje: “Kwakunesikhathi esinjena sokukhiphela ngaphandle uMoya weNkosi, lokho kwenza ipeni lami linganeliseki ukuba libhale ngokuphelele noma ulwimi lwami ukuba lichaze lokho. Kepha ngizosho lokhu ukuthi uMoya wakhi-shwa ngaphandle futhi weza njengomoya onamadla osheshayo futhi wagcwala indlu nokuthi abaningi ababekhona bakhuluma ngezilwimi futhi babenemi-bono futhi babona izingilosi futhi ziprofetha, futhi zinesikhathi esihle sokujabula esingazange sabakho-na kwizizukulwane.”³

Lezo zibonakaliso zikamoya zazinganele kuphela labo ababephakathi ethempelini kubantu ababengomakhelwane beza begijima ndawonye (ukuzwa umsindo ongajwayelekile ngaphakathi futhi nokubona ukukhanya okukhulu njengezinsika zomlilo zihleli eThempelini) futhi zazimangele ngokwenzakalayo.”⁴

uLorenzo Snow (1814–1901), emva kwesikhathi owaba nguMongameli weBandla, wayehlala e Kirtland ngalesikhathi esasibusisekile. Waqaphela, “Omunye umuntu ubengacabanga ukuthi emva kokuthola lezincazelo ezinhle kangaka akuzange kube nokulingeka okwakungachitha abaNgcwele.”⁵

Kepha, ngokunjalo, ulwazi olukhulu lukamoya alusenzi thina ukuba sisuke ekuphikiseni kanye nasekulingweni. Emveni-nje kwezinyanga ezimbalwa emva kokubusiswa kwethempeli inkathazo kwezomnotho kuyoyonke indawo yanyakazisa iMelika, futhi iKirtland yezwa imiphumela yalokho ngokujulileyo. Amabhange ehluleka, eshiya abaningi ezinkingeni ezinzima zemali. Ukwenza kubenzima kakhulu, abaningi abaNgcwele ababefuduka beya eKirtland beza nokuncane kakhulu okuyizinto zabo, bengazi nokuthi bazokwenzenjani nxa sebefikile noma-ke bazophila kanjani.

Kungekudala, ukuhlukunyezwa kwase kuqala futhi iqulu labantu lenza uzungu baphikisa abaNgcwele. Amalungu eBandla—nalabo ababesondelene kakhulu kuMprofethi, abaningi babo babekhona ngenkathi kubusiswa ithempeli behlubuka futhi begxeka uJoseph njengomprofethi owile.

Ngenkathi ngihamba eduze kweThempeli iKirtland kanye nonkosikazi wami kanye nabazukulu babafana, ngadlinza ngokuthi kwakubuhlungu kangakanani

ukuthi abanye abazange basale bangamakholwa noma emva kwencazelo kamoya ababengofakazi kuyona. Kwaba buhlungu kangakanani ukuthi abakwazanga ukubekezela ukugconwa nokubekwa izici zokungakholwa. Kwaba buhlungu lokho, ngenkathi bebhakene nezilingo noma-ke ezinye izinkinga, abazange bakwazi ukufinyelela ngaphakathi kubona futhi bathole amandla okuhlala bekhola. Kubuhlungu kangakanani ukuthi bona balahla ukubona isivuno esingumangaliso sikamoya ngenkathi kubusiswa iThempeli.

Izifundo

Singafundani ngalesikhathi esimangalisayo emlandweni weBandla?

Enye yezifundo zokubekezela ezinkulu, zesi-khathi zase Kirtland ngokuthi imimoya yethu idinga ukwondliwa njalo. Njengoba uMongameli uHarold B. Lee (1899–1973) afundisa: “Ubufakazi akuyona into ongaba nayo namuhla bese uyigcina njalo. Ubufakazi bungahle bukhule futhi bukhule ebuhleni bangempe-la, noma buzoshabalalisa ukuze kuthembele ekutheni senzani ngakho. Ngithi, ubufazi lobu esibutholayo ngosuku nosuku yinto esisizayo thina ekuweni engozini yesitha.”⁶ Sidinga ukuhlala duzane neNkosi nsukuzonke uma sifuna ukuphila esitheni okumele thina sonke sibhekane naso.

Ngezinye izindlela umhlaba wethu namuhla ufana ne Kirtland ka 1830. Nathi ngokwethu siphila esikhathini sokuhlupheka kwezezimali. Kukhona labo abahluphayo futhi abathuka iBandla kanye namalungu alo. Izivivinyo zomunye nomunye kanye nezihlangene ngesinye isikhathi zibukeka zinkulu.

Yilokho-ke esikudingayo, ngaphezu kunaphakade, ukusondela eduzane neNkosi. Uma senza njalo, sizokwazi ukuthi kushoni ukuba neNkosi eduzane nathi. Njengoba simfuna njalo Yena ngaphezu kokuzimisela, ngempela sizomthola Yena. Sizobona ngokucacile ukuthi iNkosi ayilahli iBandla Lakhe noma abaNgcwele Bakhe abakholwayo. Amehlo ethu azovuleka, futhi sizombona evula amafasitela wezulu asithele kakhulu thina ngokukhanya kwakhe. Sizothola amandla kamoya ukuba siphile noma ngabe kungubusuku obumnyama kakhulu.

Noma-ke abanye abaNgcwele e Kirtland

balahlekelwa ngukukhanya kolwazi lukamoya abanye abazange. Iningi, kanye no William Draper, babambelela baqinisa kulwazi lukamoya lolo uNkulunkulu abanike lona futhi baqhubeka nokulandela uMprofethi. Endleleni bathola izilingo eziningi ezimbi kepha futhi ukukhula okumnandi kwazo, ekugcineni nenjabulo, labo ababekezela kwaze kwaba sekugcineni “batholwa eku . . . isimo esingasozwe saphela” (uMozaya 2:41).

Ungabambelela

Uma ngabe uyalingeke ukuba udangale noma ungabi nokholo, khumbula labo abaNgcwele abangamakholwa abahlezi eqinisweni e Kirtland. Bambelela kakhudlwana. Ungakwenza lokhu! Uyingxenye eyisipesheli yesizukulwane. Ukuzilungiselela futhi wagcina ukuba uphile kulesikhathi esibalulekile emhlabeni wethu omuhle oyiplanethi ekhona. Uneshadi lasezulwini futhi ngakho-ke kunawo onke amathalente adingekayo ukwenza impilo yakho ibe yindaba ephumelelayo yaphakade.

INkosi ikubusisile wena nobufakazi beqiniso. Uzwi- le imfundiso Yakhe futhi kwaba nobufakazi ngama- ndla Akhe. Futhi uma uqhubeka ukufuna Yena, Uzo- qhubeka nokunikeza ulwazi olungcwele. Ngalokhu kanye nokunye okuyisipho sikamoya, uzokwazi hhayi kuphela ukuguqula impilo yakho ukuba ibe ngcono kepha futhi nokubusisa amakhaya enu, amawadi no- ma amagatsha, umphakathi, amadolobha, izwe, kanye nezizwe ngobuhle bakho.

Kungahle kube nzima ukubona lokho kwesinye isikhathi, kepha bambelela kakhudlwana, ngokuba “iso alibonanga, noma ukuzwa ngendlebe, noma kungene enhliziyweni yomuntu, izinto uNkulunkulu azilungiselele labo abamthandayo” futhi bamlindle- le Yena (1 Kwabase Khorinte 2:9; bona futhi D&C 76:10; 133:45).

Ngibeka ubufakazi ngeqiniso levangeli lika Jesu Krestu elibusiselwe kabusha futhi iqiniso lalokhu, yiBandla Lakhe. Ngibeka ubufakazi bami ngenhli- ziyo yonke kanye nomphefumulo ukuthi uNkulu- nkulu uyaphila, nokuthi uJesu Krestu uyiNdodana Yakhe futhi umile ekhanda laleliBandla elikhulu Sinomprofethi emhlabeni futhi, okunguMongameli u Thomas S Monson.

Masikhumbule njalo isifundo sase Kirtland bese sibambelela kakhudlwana—noma-ke izinto zibuke- ka zimfiliba. Yazini futhi nikhumbule lokhu: iNkosi iyakuthanda. Uyakukhumbula wena. Futhi izakusinga- tha njalo labo “ ababekezelayo ngokholo kuze kufike ekugcineni” (D&C 20:25).

AMANOTHI

1. Bheka, isibonelo, izingxenye 45; 56; 76; 84; 89; 97; futhi 104.
2. Bona D&C 76:23; 110:2–4, 11–13.
3. UWilliam Draper, “UMdwebi ngoMlando weMpilo kanye noHambo nokuZalwa nokuba nguMzali ka William Draper” (1881), ibhalwe, Umlando weBandla eqoqweni lamabhuku, 2; ispelongi kanye nomgomo webanga nokuguqulwa.
4. *Umlando weBandla*, 2:428.
5. ULorenzo Snow, “Ingxoxo,” *iDeseret Izindaba Zeviki*, uJuni 8, 1889, 26.
6. *Izimfundiso zoMongameli beBandla: uHarold B. Lee* (2000), 43.

IMICABANGO YOKUFUNDISA KULOMLAYEZO

Emva kokuthandaza nokufunda lomlayezo, cabanga izidingo zalabo obafundisayo, bese ukhetha amaphuzu noma amaphaseji kumbiko ocabanga ukuthi uzakuba usizo kubona. UMoya oNgcwele ungakusiza ukulungiselela lomlayezo (bona D&C 42:14; 43:15–16). Ukungeza kulokhu ekwabelaneni nango- bufakazi bakho, ungazizwa uncomekile ukubuza abantu labo abafundisayo ukuba nabelane ngolwazi noma ubufakazi uma befisa. (Neminye imibono yokufundisa, bona *Ukufundisa, Alukho uBizo oLukhulu*.)

KUBANTU ABASHA

UKukhulisa uBufakazi Bakho

Thatha lesivivinyo sakho esiyimibuzo ukusiza wena ukuba ucabange ngokuthi usebenza kanjani ngokukhulisa ubufakazi bakho:

- Ngifisa ukukholwa yini?
- Ngingazila futhi ngithandaze ngobufakazi obuqinile na?
- Ngingafunda ngigxile ngemibhalo nsuku zonke na?
- Ngingazama ukugcina imiyalelo nsuku zonke na?
- Ngingazama ukulandela okushiwo ngaphakathi ngoMoya o Ngcwele na?
- Ngingabeka ubufakazi bami uma ngiqgugquzeleka ukwenza njalo na?

KUBANTWANA

Ukusondela Duzane neNkosi

EKirtland, Ohio, uMphrofethi uJoseph Smith wathola isambulo. INkosi yamtshela ukuthi, “Sondela eduzane nami futhi ngizosondela eduzane nawe; funa mina ngobuhlakani futhi uzongithola” (D&C 88:63). Indlela eyodwa esingasondela eNkosini ukuba silandele umphrofethi Wakhe.

Dweba izithombe zezinto uMongameli uThomas S. Monson afuna ukuba sizenze:

Thandaza.

Yiba nomusa.

Sebenza kanzima ukuze ufunde.

Siza abanye.

Beka ubufakazi bakho.

Funda imibhalo eNgcwele.

© 2009 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. IsiNgisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/09. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, January 2010*. Zulu. 09361 783

Yiba Ngozimele Ngokwakho



*Fundisa lemibhalo
kanye nokucashuniwe
noma, uma
kunesidingo, umthetho
omunye ozobusisa odade labo
obavakashelayo. Beka ubufakazi
bakho ngemfundiso yobuKrestu.
Mema labo obavakashelayo ukuzo
kwabelana ngalokho abakuzwile
nabakufundile.*

Kuyini ukuzimela Ngokwakho?

“Ukuzimela ngokwakho kusho ukuthi sebenzisa zonke izibusiso ezivela kuBaba waseZulwini ukuba sizinakekele thina kanye nemindeni yethu nokuba sithole isisombululo mayelana nezinkinga zethu. Omunye nomunye wethu unesibopho sokuzama ukugwema izinkinga ngaphambi kokuba zenzeke futhi sifunde ukuzinqoba izinselele uma zenzeka. . . .

“Singazimela ngokwethu kanjani? Singakwazi ukuzimela ngokwethu ngokuthola ulwazi olwanele, imfundo, kanye nokwazi ukufunda nokubhala; ngokuphatha izimali neminyombo ngokuhlakanipha, ngokuba namandla kamoya, uzilungiselele izikhathi eziphuthumayo kanye nokungahle kwenzeke; nokuba nempilo enhle emzimbeni nokuba nobudlelwano nozwelo.”¹

UJulie B. Beck, uMongameli jikelele weNhlango Yamame Ekhululekileyo.

Isibopho seVangeli

“Njengoba siphila ngokungamoshi nokukhulisa iziphopho namathalente, sizozimela ngokwethu. Ukuzimela ngokwakho kungukuthatha isibopho esingesethu sikamoya kanye nobudlelwane obuhle besikhashana nakulabo uBaba waseZulwini abathembayo ekunakekeleni kwethu. Kuphela uma sizimele ngokwethu singakwazi ngempela ukulandela uMsindisi ngokusiza nokubusisa abanye.

“Kubalulekile ukuqonda ukuthi ukuzimela ngokwakho kuyinto yokufika ekugcineni. Inhloso yethu ekugcineni ukuba sifane noMsindisi, futhi leyo nhloso izakukhushulwa yimisebenzi yethu enganabugovu kwabanye. Ulwazi lwethu lokusebenza luyakhula noma kunciphe ngokulinganisa ngokuzimela ngokwakho.”²

IGosa uRobert D. Hales weKhoramu yabaPostoli Beshumi Nambili.

“Ukuzimela ngokwakho kungumphumela womsebenzi kanye nokukhulisa bonke abanye abazifunde kwezenhlalakahle. Kuyinto ebalulekile kakhulu emoyeni yethu engcwele nasezintweni zesikhashana. Ukubhekisisa lomthetho, uMongameli uMarion G. Romney [1897–1988] wathi: ‘Masisebenze kulokhu esikudingayo. Make sibe ngabazimele bodwa futhi sikhululeke. Insindiso ingatholakala

USIZO NGOKUFUNDISA NGOKUVAKASHA

Njengothisha wokuvakasha, ungafuna ugqozi lwakho ukuba wazi ukuthi ukuphendula kahle kwezidingo zalabo onikezwe bona ukuba ubeluse. Ngakho-ke bhokana ngamandla akho ekukhuphuleni ukholo lodade ngamunye kanye nomndeni.

Ukuzilungiselela Wena

uGenesisi 3:19

uMatewu 6:33

D&C 82:18–19; 109:8

Ukuthola ulwazi olunye, bona www.providentliving.org; *Konke kubuthezelwe kahle: kwezezimali emndenini (item no. 04007); futhi Zibuthezelwe kahle: ku Family Home Storage (item no. 04008).*

ngaphandle kwemithetho eminye. Insindiso iyinto eyodwa, futhi kumele sisebenzele eyethu insindiso okwesikhashana kanti futhi nasezintweni zikamoya.’ . . .

“UMongameli uSpencer W. Kimball [1895–1985] wasifundisa kakhulu ngokuphathelene nokuzimela wedwa: ‘Isibopho somuntu ngamunye sokuzwana, sikamoya, umzimba, noma somnotho sihleli okokuqala kuyena, okwesibili phezu komndeni wakhe,

futhi okwesithathu phezu kweBanda ndla uma eyilungu elikholwayo kulokho.’”³

UMongameli uThomas S. Monson.

AMANOTHI

1. “Isibopho kwezenhlalakahle kaMongameli we Relief Society,” *Isisekelo Somthetho kwezenhlalakahle nokuzimela ngokwakho* (2009), 4–5.
2. “Isambulo ngeVangeli: Ukholo

Ekwenzeni,” *Isisekelo somthetho kwezenhlalakahle nokuzimela ngokwakho* (2009), 1–2.

3. “Umthetho wokubonisa ngabanye kanye nomndeni kwezenhlalakahle,” *Liahona*, Feb. 1987, 3.